Inkohlakalo iyisihlava esithikameza ukukhula komnotho nokuthuthukiswa komphakathi eNingizimu Afrika.

IHhovisi Lekhomishana Yezemisebenzi Kahulumeni (i-OPSC) lethweswe, phakathi kokunye, umsebenzi wokuphenya, ukuqapha kanye nokuhlola ukuhleleka nokulawulwa koPhiko Lwezemisebenzi Kahulumeni.

Inkohlakalo oPhikweni Lwezemisebenzi Kahulumeni iphazamisa ukuhlinzekwa ngendlela efanele kwezinsiza kubantu ngokuthi icebise izikhulu zikahulumeni ezikhohlakele, ngemali okumele ngabe isetshenziselwa ukuthuthukisa inhlalo-mnotho yezwe. Ngaphandle nje kokukhuphula izindleko zemisebenzi kahulumeni kanye nokunciphisa isivinini sokuhlinzekwa kwezidingongqangi kubantu, inkohlakalo edla lubi ifaka itwetwe kubatshalizimali bamazwe angaphandle.

Impumelelo empini yethu yokulwisana nenkohlakalo incike ekubandakanyweni kwazo zonke izakhamuzi zezwe lethu. Uma kwenzeka ubona okuthile, khuluma; bika inkohlakalo ngokushayela inombolo yamahhala ye-NACH ku-0800 701 701.

# AMAQINISO ASEMQOKA MAYELANA NE-NACH

- Kusukela kwethulwa i-NACH ngowezi-2004, **zingaphezu kwezi-300 000 izingcingo esezithunyeliwe ezibika izinsolo zenkohlakalo** kanye nezenzo zokungaphathi ngendlela efanele.
- Ulwazi oluphathelene nenkohlakalo oluhlinzekwe yizingede (ababiki benkohlakalo) **seluholele ekutheni kube namacala angaphezu kwezi-24 035 ayamene nenkohlakalo**, ukukhwabanisa kanye namanye amacala aphenywa yiminyango kahulumeni kanye nezinye izimpiko zabomthetho.
- Ngekota yokuqala yonyakamali wezi-2021/22, i-OPSC yamukele amacala angama-337 ayamene nenkohlakalo, ngenombolo yocingo i-NACH.
- Emacaleni angama-337, i-OPSC **seyiphenye amacala angama-35 okuqasha kanye nawokuthengwa kwempahla nezinsizakalo ngendlela ephambene nenqubo efanele**. Lawa amanye amacala asele wona asedluliselwe eminyangweni kahulumeni noma kwezinye izimpiko zabomthetho ukuze aphenywe.
- **Izingede zingabika izenzo zokukhwabanisa nenkohlakalo zingakwenza lokho ngaphandle kokudalula amagama azo ngokuthumela i-imeyili ku-*Integrity@publicservicecorruptionhotline.org.za* noma ngokushayela inombolo yamahhala ye-NACH ku: 0800 701 701.**

**Bika zonke izenzo ezisolisayo ukuthi zinenkohlakalo ezenzekayo oPhikweni Lwezemisebenzi Kahulumeni, ngaphandle kovalo nokwenzelela**